# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

33/2014 Intshumayelo ngomkhosi wokuthululwa kukaMoya oNgcwele, ngomhla ka 08. 06. 2014

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 137/120

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Mninimandla onke, sisondela phambi kobuso bakho ukuba sizwe izwi lakho. Nkosi, siyabonga ukuthi wasipha iNdodana yakho uJesu Kristu ukuba ngayo sisindiswe ekulahlweni. Nkosi Jesu Kristu, siyabonga ukuthi usuwufezile umsebenzi wakho wokusisindisa ngokufa kwakho esiphambanweni, nangokuvuka kwakho kwabafileyo, sewenyukele ezulwini, uthumile uMoya wakho ongcwele kithi ukuba asihlanganise nawe, asingcwelise, asiholele ekukholweni nguwe njengoMsindisi wethu, Nkosi, nanamuhla siyacela, sithi: Usiqinise ekukholweni ngamandla kaMoya oNgcwele, size sibe ngokuphila okuphakade kuwe ezulwini. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuzo izE. 2:1-18;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Joh. 14:23-27.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 132/114

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kwabaseRoma 8:1-11, lithi: "Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu. Ngokuba umthetho kaMoya wokuphila okuKristu Jesu ungikhululile emthethweni wesono nowokufa. Ngokuba lokho okwehlula umthetho, ngokuba ungenamandla ngenxa yenyama, wakwenza uNkulunkulu ngokuthuma iNdodana yakhe ifana nenyama yesono, ukuze umyalo womthetho ugcwaliseke kithina esingahambi ngokwenyama kepha ngokukaMoya. Ngokuba abokwenyama banaka okwenyama, kepha abakaMoya banaka okukaMoya. Ngokuba ukunaka kwenyama kungukufa, kepha ukunaka kukaMoya kungukuphila nokuthula. Ngokuba ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu; ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi

kungekwenze; abasenyameni abanakumthokozisa uNkulunkulu. Kepha nina anisenyameni, kodwa nikuye uMoya, uma uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Kepha uma umuntu engenaye uMoya kaKristu, lowo kasiye owakhe. Uma uKristu ekini, umzimba ufile ngenxa yesono, kepha uMoya ungukuphila ngenxa yokulunga. Uma-ke uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKristu Jesu kwabafileyo uyakuphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, namuhla sigubha umkhosi wePhentekoste ongumkhosi wokuthululwa kukaMoya oNgcwele. Kusho ukuthi namuhla siyakhumbula lokho okushiwo ngamazwi ephistola lethu lomkhosi wanamuhla kuzo izEnzo zabaPhostoli ukuthi kwathi sekufikele usuku lwePhentekoste, bonke babebuthene ndawonye ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhlokomo kwangathi ngeyokuvunguza koMoya onamandla, yona yagcwalisa indlu yonke abafundi ababehlezi kuyo, kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo, kungathi ngezomlilo, zahlala phezu kwalowo nalowo kubo, base begcwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokhu uMoya wabapha ukuphumisela, bekhulma ngemisebenzi emikhulu kaNkulunkulu.

Bandla, uMoya oNgcwele esikhuluma ngaye lapha ungubani na? UMoya oNgcwele esikhuluma ngaye lapha akasiye umoya lona ovunguzayo. UMoya oNgcwele esikhuluma ngaye lapha akasiye umoya ofika kubantu ngokuthi bagigime, babethele izandla, bashaye izigubhu. UMoya oNgcwele esikhuluma ngaye lapha akasiye umoya ofika kubantu ngokuthi bakhulume izilimi ezingezwakali. Kodwa uMoya oNcgwele esikhuluma ngaye uluqobo lwesithathu esibilini sikaNkulunkulu, unguNkulunkulu uqobo ekanye noYise neNdodana, nguye ofikile kubafundi bakaJesu ngosuku lwePhentkoste, nguye esimamukelayo embhapathizweni, mhla sibhapathizwa. Nguye osibizile ngevangeli ukuba sikholwe nguJesu Kristu njengoMsindisi wethu, nguye esilondolozayo ekukholweni okuqinisileyo, nguye osithethelela izono zethu ngezwi nangamasakramente, nguye oyakuphelelisa umsebenzi wakhe kithi ngosuku lokuphela lapho eyakusivusa kanye nabafileyo bonke, asabele ukuphila okuphakade kanye nnabo bonke abakholwayo nguKristu.

Bandla, nangu uMoya oNgcwele, nanku umsebenzi kaMoya oNgcwele, uysiholela ekukholweni nguKristu, uyasihlanganisa noKristu, asibuse, asiduduze, yingakho sizwa lezwi elihle nelisiduduzayo kuwo amazwi entshumayelo yomkhosi wanamuhla athi: **Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu.** Bathandekayo eNkosini, uNkulunkulu

wasibona thina abantu silahlekile, sihamba indlela yokufa, waceba icebo elihle lokusisindisa ngeNdodana yakhe uJesu Kristu. Yona yazalwa, yazalelwa thina, yahlupheka, yahluphekela thina, yaze yazosifela esiphambanweni, yavuka kwabafileyo ngenxa yethu, ukuze sithethelwe izono, sisindiswe, sibe nokuphila okuphakade kuyo ezulwini.

Bandla, impela akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, ngani na? Ngokuba umthetho kaMoya wokuphila okuKristu Jesu usikhululile emthethweni wesono nowokufa, ngokuba lokho okwehlula umthetho, ngokuba ungenamandla ngenxa yenyama, uNkulunkulu wakwenza ngokuthuma iNdodana yakhe, ifana nenyama yesono, nangenxa yesono walahla isono enyameni, ukuze umyalo womthetho ugcwaliseke kithina esingahambi ngokwenyama kepha ngokukaMoya.

Bandla elithandekayo, thina esikholwayo, sisindisiwe ekulahlweni, ngakho-ke simelwe ukuhamba ngokukaMoya. Bafowethu, kunjani kithi? Siyibo yini abahamba ngokukaMoya na? Noma singabahamba ngokwenyama? Imisebenzi yenyama isobala engukuthi: Ubufebe, nokugcola, namanyala, nokukhonza izithombe, nokuthakatha, nobutha, nokulwa, nomona, nokuthukuthela, nokubanga, nokwalana, nokwahlukana, nomhawu, nokudakwa, nokuxokozela, abenza okunje abayikulidla ifa lombusi kaNkulunkulu, Gal. 5:19-21.

Bandla, izwi lithi: Abasenyameni abanakumthokozisa uNkulunkulu. Ngakho-ke hambani ngoMoya khona aniyikufeza izinkanulo zenyama, ngokuba inyama ikhanuka okuphambene noMoya, kepha uMoya ukanuka okuphambene neyama, ngokuba lezizinto ziyamelana ukuze ningenzi lokho enikuthandayo, Gal. 5:16-17. Bandla, izithelo zikaMoya ziluthando, nokujabula, nokuthula, nokubekezela, nobubele, nobuvi, nokukholeka, nobumnene, nokuzithiba, Gal. 5:22-23.

Kanjalo bandla, yikho esikuzwayo emazwini entshumayelo yethu yomkhosi wanamuhla, ukuthi: Ngokuba abokwenyama banaka okwenyama, kepha abakaMoya banaka okukaMoya, ngokuba ukunaka kwenyama kungufa, kepha ukunaka kukaMoya kungukuphila nokuthula, ngokuba ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu, ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi kungekwenze.

Makholwa, **akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu,** thina esikholwayo nguJesu Kristu, sihlengiwe, sisindisiwe ekulahlweni okungukufa kwaphakade, ngakho-ke asingahambi ngokwenyama, kepha sihambe ngokukaMoya, yebo, simvumele uMoya oNgcwele, asebenze

kithi, yebo, abuse nemizimba yethu efayo, ingabe isakhonza isono. Izwi lisho njalo nanamuhla, lithi: Kepha nina anisenyameni, kepha nikuye uMoya, uma uMoya kaNkulunkulu ehlale kini. Kepha uma umuntu engenaye uMoya kaKristu, lowo kasiye owakhe.

Bandla, thina singabakaKristu, usithengile ngegazi lakhe, ukuba sibe ngabakhe impela, sihlale phansi kwakhe embusweni wakhe siselapha emhlabeni, ukuze sihlale embusweni wakhe waphakade ezulwini, uma sesimukile kulomhlaba.

Kunjalo bandla, yikho okushiwo ngamazwi okugcina entshumayelo yethu yomkhosi wanamuhla wokuthululwa kukaMoya oNgcwele ukuthi: Uma uKristu ekini, umzimba ufile ngenxa yesono, kepha umoya ungukuphila ngenxa yokulunga. Uma-ke uMoya owavusa uKristu Jesu kwabafileyo, uyakuphilisa nemizimba enu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.

UNkulunkulu uBaba wethu osezulwini, makasisize thina sonke esibuthene kulomkhosi namuhla, asiphe uMoya wakhe oNgcwele, ehlele ngokusha phezu kwethu, asihlanganise njalo noJesu, asibuse, singahambi ngokwenyama, kepha sihambe njalo ngokukaMoya. Yebo, sitshele nabanye, ikakhulu abangakakholwa nguJesu, ukuthi: Akuskho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, ukuze nabo baphenduke, bakholwe, bapathizwe, ukuze basindiswe ngaye loJesu Kristu owafa, wavuka ngenxa yethu sonke. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, sesiyabonga izwi lakho elingcwele esesilizwile. Nkosi, sipha uMoya wakho oNgcwele ahlale kithi, asikhanyise, asibuse, asihole, asiqinise ekukholweng, sihambe njalo ngokukaMoya, kuthi nalapho sekufikile ukuphela kokuphila kwethu emhlabeni, usivuse othulini, usihlangabese, usihole, usingenise ekuphileni okuphakade, osilungisele khona, ngaye uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 136/118

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-F. J. Mtshali.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.